

16

Story of Langabi.

K13/21

1/4

1.

Uzwide nabakwa Mthetwa.

Uzwide wahlasela kwaMthetwa. Abakwa Mthetwa laba kwakuyibona benamandla impela kunezinye izizwe. Uzwide uthena ngokubona loku ukuthi abakwa Mthetwa banamandla kwathiwa waqonda imbokodo nezi sekela. Kwakhala inyoni kwelaka Mthetwa manjena uzwide wanodumo waziwa impela k elase Kwa Zulu uthena ngokubona loku uzwide akabe esezwana futhi no Zulu. Kuthena uma sebe bekene impela noZulu usebona uTshaka ukuthi uzwide umelekabi usethi enyangeni yakhe uMnyamana.

2.

uMnyamana wavuma nempela ukuziza. Usehambake uMnyamana. Kuthiwa uTshaka wamthembisa izikomo eziningi nempela wazamukhela uMnyamana uthena uMnyamana uma efika kwa Zwide wazenza umuntu ofelwe yizwe. Uzwide usema mukela. Usekhombisa bonke ubunyanga bakhe usemutshena futhi umnyamana etshena uzwide ukuthi uzulu ningame k hlula impela uma impi inkosi ingangi vumela nguyelaphe uzwide. Usevuna nga nezinduna sezivuma. Phela uMnyamana waye yisilomo impela. Futhi waye namazwingila ngisho emkhandlwini usesuka uzwide ethi makalungise yona impi uMnyamana.

3.

uMnyamana usethi kuhle ukuba inkosi namabutho agunde usethi uma esegundele use thatha izinwele zamabutho nenkosi use nyamalala nazo uMnyamana. Usethi uma afika kwaZulu uMnyamana usezelapha izinwele zenkosi uzwide namabutho akhe. Kuthena uma esezelaphile manjena wase tshena yona inkosi yakwa zulu uTshaka. Utshaka usethumela impi kwa Zwide uthena anganzele uzwide yafika eyakwa zulu. Uthe uma edumela izihlangu kwafumaniseka ukuthi akasekho umasiza. Impi ka zwide yasindwa izihlangu zayo, naye imbala uzwide.

4.

Isigothula eyakwa Zulu sekuthi kunalo usebaleka uLangabi kaZwide nabantwana bakabo ababili into bazane nomfana wakwabo. Kuthena kunjalo baduka izinsuku ezithatu kuthena kunjalo yagulaintombazane le ntombazane yayi neane ehambe iyibeletha uLangabi uthena ukuba abone ukuthi manjena usegulela ukufa

wahamba ngozi dikila eseyozi bulala yathi noma ingane ebona ukuthi isiyayetha waye loku eyibelethile njalo njena waze wafika khona kwaZulu.

- Usekhonza sebema mukela uLangabi kuthena kunjalo i ganelena
5. yase iyafa manjalo. Kulomuzi eyangenise kuwona babe thakatha kwathi noma ingane isifile abanaka njena kwaze kwasuka amanye amadoda azomulahlisa lengane uLangabi manjena uLangabi kulomuzi waye linda izinyoni mihlayoke naye umfowabo belu. Kuthi ngelinye ilanga umabesheshile ukuvuka oLangabi babone kuthena nyazonke izindlu. Umasekuyolalwa babe nendlu yabo bodwa oLangabi beno mfowabo. No kudla b be nikwa bodwa noma kuhlatsiwe babe buyo ebusuku ekulindeni ngoba babe shaywauma beshishe babuya emasimini.
6. Kwathi ngelinye ilanga uLangabi waphaphama ebusuku wezwa umusindo omukhulu kulomuzi uthena uma ephuma wabona kusinwa wayese phinda emuva eselala yena uLangabi akazange amuvuse umfowabo omcane. Kuthena kunjalo inkosi yezwa ukuthi kulomuzi kuya thakathwa manjena yathuma impi ukuba mayiyo bulala ing shiyi luthyo kwakumusukwana uLangabi no Mfowabo babalekile manjena wafa kunjalo unuzi wakwa Nkomo. Sekuthi ukuba ife yonke nzalo ka Dumisa ka Nkomo inkosi yase ibiza ibandla ukuba kulungiswe izwi ngendaba yaba thakathi.
7. Kuthena uma ibandla selibuthene uTshaka wabona umfana angamaziyo lomfana kwa ku Langabi ka Zwide waye engafani no zulu. Kuthiwa waye emuncane akwaziwa noma wayenziwa ukufela izwi. Usemubuza uTshaka umfana usethi ngingowakwa Ndwandwe. Usethuka uTshaka usethi abani lona ofuye lomfana na? Angithi lona umntwana wenkosi na? Sekuphendula uNomanzana umfoka Zikala wakwa Ndlela usethi yimina Ndaba usethi yimina Mdaba. Bebguseza jweba bgalomfana akayedwa Ndaba babili uhamba nomfowabo omcane knaye.
8. Usebuza uTshaka kulomfana ukuthi bafike nini lapha kwaZulu na? Umfana usekuleka usethi sisinesikhathi nkosi into njena besise muzini ka Nkomo kwathi langa linye safumanisa usububile umuzi ka Nkomo. Manjena sesiza kuwona umuzi ka Ndlela. Uqinisile uma ethi sisandofika emuzini wakhe usethi uLangabi sithena sifika safika kufe inkomo wasipha impela uNdlela uTshaka kuthena ukuba ezweleku wayesethi sondela lapha usesondela umfana usegaqa ngamadolo eshesha ngezinqe phansi use mukhuza uTshaka ethi musa ukusheshe ngezinqe mfana woza kimi. Usekhuleka impela umfana. Usethaka
9. usemubuza futhi usephinda wona lawo umfana. Usethaka usethi kuhle angene ebutweni lezinsizwa ezazi giya. Usethaka usethi lona wahleka yedwa. Kuthena kunjalo wagiya impela umfana. Kuthiwa

10

Kuthiwa waligagu lomfana uTshaka usethokoza impela ngokugiya kwalomfana. Usemngqanela izinkomo ezimbi ethi kuhle bamusengele zona lezinkomo nebala bakwenza kuthena kunjalo umfowabo walomfana bambulala abanye abafana bumuyelisela esizibeni esasinezi-ngonyama. Manjena wasala yedwa manjena kuthena futhi ngelinye ilanga umfana wezwakala ecula impela eshaya igubu lwakhe. Manjena basebe tshana induna induna isimubiza sithi akucule umfana ushaye lona futhi ugubu lwakho umfana. Uselishaya umfana ugubu lwakhe usecula. Iculo lakhe elokuthi kwahlasela uZwide kwaMthetwa kwakhala inyoni odwa ~~awake~~ akwasala lutho. Sekuduma loke elakwa zulu. Sekuthi izintombi zimbi zase sigohlweni ukuba azozi culela nazo. Nebala useya umfana. Usecula kahle futhi inkosi isimubiza nayo usecula naye futhi enkosini inkosi yajabula.

11. Isimunika zona futhi izinkomo ezimbili. Isitheku Ndlela kuhle amuphathe kahle lomfana wathi uTshaka akafuni asondezwe eduze kwakhe kodwa. Kuyabonakala ukuthi uTshaka aka thandanga ukuba lomfana asiwe esigohlweni. Futhi waye nesithunzi uLangabi ngoba phela naye ezalwa in osi usemugcina uNdlela. Usehhi uma esekhulile usebuthwa lomfana. Nase kulweni waba iqawe impela waze wathola lezizi bongo. Usunduza ilangabi endlovu edla amange umgunguda umuntu ngomugweleba, inqe ilizwa ngosi ukuthi kunzima ka Ntothela.

12. Phela kwathiwa ugongonda umuntu ngongweleleba ngoba kwakuthi uma seyihlangene eselwe waze wadinwa izandla ukugwaza, nomukhonto wakhe usegobile wenziwa izingazi zama dodda aphenyulele indukuyawo ababulale ngayo bafe futhi abantu kuthiwa impi waye yizwa isekude akakhulume nezinduna ukuthi kuhle zilindele impi isifikile ngesinye isikhathi abonakale ngokubemu igudu lakhe kwaziwe ukuthi impi isisondele manjena inkosi yaze yamunika umuzi yamunika necibi lezi nkomo lomfana waye ganiwe ngaleso sikhathi.

13. Wathatha abafazi aba thathu kuthena kunjalo wazala naye futhi iqhawe. uMboko~~de~~we ebamvu umhlandla awudinwa izidumbu zamadoda kuthena manjena esenomuzi wakhe omukhulu uLangabi. Manjena kwasuka uBonjana inceku yenkosi uTsha a yamugambela amanga uLangabi ukuthi usewelele esilungwini.

Usethukuthela uTshaka usethuma impi ukuyombulala.

Kuthena uma ifike impi yawu kakana kusa wabona ngempi. Usebuza ukuthi yini na? Ngenzeni na? Sebethi inkosi ithi masizokubulala kuzwakele ukutho wena usuwela manjena uselandula uLangabi sebethi sothini enkosini na? Usephi thathani nazo kuthena kunjalo walandela ngemuva uLangabi nezi noizwa zakhe uJakomukhulu uthe uma afike khona wagiya ebongela esemangela uTshaka ukuthi kanti ubethini uBonjana. Usephi kuhle abulawe yena uBonjana nebala usebulawa usemunika omkhulu futhi uTshaka uLangabi usehamba ephinda emuva emuzini wakhe nezinkomo lezo.

4415.

uBokodwe kaLangabi ka Zwide wazithola izibongozakhe mukwana ehlabana eThandlwana kuthiwa wahlabanana waze wakhumbuza uyise uLangabi. uLangabi wayesefile ngaleyo nkathi uLangabi wazifelanjena kuthiwa yena uTshaka wathi ngoku bona uwenza kuka Bokodwe wakhumbula uyise. Usemunqumela izinkomo n ye. uBokodwe uzalwa uMalanga inkosikazi ka Langabi enkulu yazalaabantwana ababili lenkosikazi yena uBokodwe nentombazane uThembane.

16.

Kuyakhombisa ukuthi laba bakwa Zwide babe amaqawe bonkana. Ngoba nenzalo ka Langabi yayi nganashinga yonke akukho noyedwa kuyona owaye ngelona iqawe kwala namantombazane akhona angamanqawe njengabo abafana bakhona. Kwathi no Thembane yena belu ka Langabi naye waba iqawe elikhulu kulo belu izivelase mazulweni kwa Tshaka kuthiwa in osi iphuma ehthangeni ngakho belu ngoba kuye nzeka ukuthi iqawe lizale elinye iqawe nabantwana baka Thembeni baba iyoleleyondlela nabo futhi abaka Langabi baba njalo ba ba amaqawe ngempela.

END 343